# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## SEPTHEMBA 2014

**IBANGA LE-12**
**(GRADE 12)**

Amamaki: 100 Isikhathi: Amahora ama- 2 ½

Leli phepha linamakhesi ayi-7

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu **EZINTATHU:**

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Phendula imibuzo ngesiZulu..

4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama – 80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama – 40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama – 30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama empendulo.

9. Ohlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A : INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240. (Ubude bungalinganiselwa ekhasini eli-1 ½ kuya kwama-2).

**QAPHELA**: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Isikhathi siyashesha, sengibhala ukuhlolwa (examination) kwebanga le-12. Kuningi okuhle engikukhumbulayo kusukela ngiqala ukungena esikoleni. Bhala indaba ngalesi sihloko:

Kungabe Yimina Ngempela lo? [50]

1.2 Bhala indaba ngalesi sihloko:

Lesi Sithombe Singifikisela Izinyembezi. [50]

1.3 Wonke umuntu uyakudinga ukuba nomndeni, izihlobo nabangani uma ekhula. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Akekho Umuntu Ophila Yedwa. [50]

1.4 INingizimu Afrika yizwe elikhululekile, kodwa abantu basaqhubeka nokucwasana (discriminating). Bhala indaba ngalesi sihloko:

Ukucwasana Angeke Kuphele Ezweni Lethu. [50]

1.5 Bhala indaba ngalesi sihloko:
Izinkinga Ezibhekene Nabantu Abasha. [50]

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale indaba Nike indaba isihloko esiyifanele.

## ISIQEPHU B : IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 Ukukhishwa kwemiphumela yebanga le-12 emaphephandabeni kuletha izinkinga kulabo amagama abo angavelenga/angaphumanga . Bhalela uNgqongqoshe WezeMfundo **incwadi yomthetho/yomsebenzi** ucele ukuba imiphumela iyekwe ukukhishwa emaphephandabeni. Veze izizathu ezibalulekile ngesicelo sakho. [30]

2.2 Umngane wakho omkhulu ushone engozini yemoto. Umndeni wakhe ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ozofundwa enkonzweni yakhe yokugcina. Bhala **umlando kamufi**. [30]

2.3 Ekuseni uya esikoleni umfana wakwa Naidu uphuce umngane wakho iselula. Umngane wakho wase emshaya ngetshe ekhanda walimala kakhulu. Bhala **umbiko** ozowunika uthishomkhulu ngalokhu okubonile. [30]

2.4 Abangani ababili bahlangana e-Mall, bagcina ukubonana eminyakeni emi-5 edlule besafunda esikoleni samabanga aphansi. Bhala **ingxoxo** ezoba phakathi kwabo. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B :30**

## ISIQEPHU C : IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO


### UMBUZO 3

Khetha isihloko esisodwa ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Isikole sakho sihlela usuku lokugujwa kwamagugu namasiko (Heritage Day). Bhala **iflaya** ozoyinika abantu ukuze beze kulo mcimbi. [20]

3.2 Uhambe nabangane bakho ukuyobuka iNdebe Yomhlaba (World Cup) eBrazil. Bhalela umfowenu **iphosikhadi** umxoxele ngohambo lwenu. [20]

3.3 Umakhelwane wakho usuka eMobeni ufuna ukuya eWyebank Funeral Parlour kodwa akayazi indlela. Sebenzisa le **nkombandlela** elandelayo ukumyalela ukuze akwazi ukufika khona. Kuzomele alandele imicibisholo.




[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C:20**
**AMAMAKI ESEWONKE :100**